KWAZULU-NATAL
PROVINCIAL GOVERNMENT
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

USHICILELO OLUYISIPESHELI - SOPA 2024 #LeaveNoOneBehind

KZN Provincial Government @kzngov kzngov

# SIMAMA


USHICILELO LWAMAHHALA LUKAHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATAL



Ukhula ngesivinini umnotho wase KZN

Ikhasi 2

30 YEARS OF FREEDOM
South Africa 1994 - 2024



**Mukhulu umsebenzi owenziwe uhulumeni ukubuyisa Isithunzi samakhosi**

Ikhasi 5

**Izithombe zeSOPA**

Ikhasi 8



Izinguquko ezinqala kwezempilo

Ikhasi 8

# INKULUMO KANDUNANKULU IQHAKAMBISE IMPUMELELO KAHULUMENI EKUPHUCULENI IMPILO YABANTU



**UNdunankulu wesifundazwe wethule inkulumo yakhe ayibhekisa esifundazweni nalapho enikezele khona ngombiko ngokusebenza kukaHulumeni kule minyaka engu-30 yenkululeko. Uphinde wabika ngomsebenzi osuwenzile uHulumeni oholwa i-ANC. Thola umbiko ogcwele ngaphakathi.**

> **Lukhulu esiluzuze kuleminyaka engu-30 yenkululelo futhi sizaoqhubeka ngokusebenzela abantu ngokuzikhandla**
>
> **- uNdunankulu, uNksz Nomusa Dube-Ncube**

ENKULUMENI ngeSimo Sesifundazwe ayethule e-Oval Cricket Stadium eMgungundlovu, uNdunankulu waKwaZulu-Natal, uNomusa Dube-Ncube, ukhulume kabanzi ngegxathu elibalulekile isifundazwe esesilithathile emikhakheni eyahlukene kule minyaka engamashumi amathathu iNingizimu Afrika yabuswa yintando yabantu.

UNdunankulu ubalule impumelelo kahulumeni wesimanje ayenzile: okuhlanganisa umbiko ophelele ekuthuthukisweni komnotho, ukuvulwa kwamathuba emisebenzi, ukulawulwa kwezinhlekelele, ukusimama kwemvelo, kanye nemizamo yokubhekana nezinselelo zokuhamba kukagesi.

UNdunankulu uthe iSthesha Waya Waya, okuwuhlelo lokudala imisebenzi eminingi, olwasungulwa ngonyaka odlule, seludale amathuba emisebenzi angaphezu kuka-655 000 emikhakheni eyahlukene. Uthe lokhu kukhombisa ukuzinikela kukahulumeni ekuqedeni ububha emiphakathini.

"Imicimbi kanye nezemidlalo zineqhaza elikhulu ekuthuthukiseni umnotho, kuyisinyathelo esinobuhlakani. Ukusingatha imicimbi efana ne-Africa's Travel Indaba kanye ne-World Football Summit akugcinanga nje ngokuthuthukisa umkhakha wezokuvakasha kodwa kunbe omthelela omkhulu kwezomnotho, okuholele ekudaleni amathuba emisebenzi kanye nokwanda kokutshalwa kwezimali. Imijaho yamahhashi ebanjelwa emakhaya njenge-Dundee July, ikhombise ukubaluleka kwayo ngokufaka izigidi emnothweni wakuleli," kusho uNdunankulu Dube-Ncube.

UNdunankulu uthe iKwaZulu-Natal iyisizinda sentuthuko ngenxa yemisebenzi yezinhlelo zokunwetshwa kwemigwaqo nokuthuthukiswa kwengqalasizinda yezokuthutha okuqhubekayo. Phakathi kwezinhlelo zokuthuthukiswa kwengqalasizinda, uNdunankulu ubalule ukwakhiwa kwamabhuloho iWelisizwe kanye nokuvalwa kwemigodi emigwaqweni okwenziwa ngamaloli angu-55 athengwe nguMnyango wezokuThutha esifundazweni. Izinhlelo zokulwa nengwadla yamanzi kazisalanga ngaphandle enkulumweni kaNdunankulu njengoba ekhulume ngohlelo lokulethwa kwamanzi eMacambini, athe lungubufakazi bukahulumeni bokulwa nokuswelekа kwamanzi emphakathini.

Inkulumo kaNdunankulu Ngesimo Sesifundazwe idwebe isithombe sesifundazwe esihamba phambili, esibhekana ngqo nezinselelo, esibeka ithemba ngekusasa eliqhakazile. Ngokugxila ekuthuthukisweni kwesifundazwe okufaka wonke umuntu, ukudalwa kwamathuba emisebenzi, kanye nokusungulwa kwezobuchwepheshe. UNdunankulu uthe iKwaZulu-Natal ihlose ukuba yisibani esikhanyisela umphakathi nesidala amathuba emisebenzi amaning kwizakhamuzi kanye nomphakathi wonkana.

STATE OF THE PROVINCE ADDRESS #KZNSOPA2024
KZN CELEBRATES 30 YEARS OF FREEDOM
STHESHA WAYA-WAYA CREATING SUSTAINABLE JOBS
2030 NDP
GROWING KWAZULU-NATAL TOGETHER

# UNDUNANKULU UBOPHEZELE UHULUMENI EKUSEBENZELENI UZINZO NOKUTHULA ESIFUNDAZWENI

**IHHOVISI LIKANDUNANKULU**



**UNdunankulu wesifundazwe ngaphambi kokwethula inkulumo yakhe ayibhekise esifundazweni.**

UNDUNANKULU waKwaZulu-Natal, uNomua Dube-Ncube, ugxile ebunzimeni isifundazwe esadlula kubona ngaphambi kokuphuma emaketangeni obandlululo. Lokhu ukusho ngesikhathi ethula iNkulumo ngeSimo seSifundazwe ayethule e-Oval Cricket Stadium, eMgungundlovu, ngomhlaka-28 Febhuwari 2024. UNdunankulu Dube-Ncube ugcizelele ukuthi kubalulekile ukwazi ukuthi siphumaphi ukuze siqonde lapho sibheke khona.

"Kuzokhumbuleka ukuthi kuningi iKwaZulu-Natal eyadlula kukho ngaphambi kokuthola inkululeko ngo-1994. Isifundazwe sethu sasihaqwe yizinkinga zodlame lwezombusazwe olwadala ukuthi lesi sifundazwe kube ngesinoqhekeko nokungabambisani kwezombusazwe. Okubuhlungu wukuthi udlame lwezombusazwe lwadlula nemiphefumulo eminingi kulesi sifundazwe. Ngakho-ke kumele sihlale sikhumbula ukuthi izithelo zenkululeko esizivuna namuhla, zachelelwa ngegazi labantu elaphalala esifundazweni," kusho uDube-Ncube.

UNdunankulu Dube-Ncube uncome abantu baKwaZulu-Natal ngokunqoba lolu dlame olwaqotha imizi, lwadala uqhekeko phakathi kwezihlobo nabangani. UNdunankulu ubalule izigigaba zokubulawa kwabantu ubuthaphuthaphu ezenzeka eSteadville ngaseMnambithi, KwaMakhutha, Ongoye, eHammarsdale, KwaShobashobane naseMgungundlovu lapho kwabhubha khona inqwaba yabantu esigamekweni esaduma nge-Seven Days War.

"Okubuhlungu wukuthi udlame lwezombusazwe lwadlula nemiphefumulo engaphezulu kuka-20 000 KwaZulu-Natal ngeminyaka yawo-1980," kusho uNdunankulu Dube-Ncube.

UNdunankulu Dube-Ncube uncome ukusebenzisana okwaba phakathi kwabaholi be-ANC nabe-IFP, abaholi bezenkolo nabomphakathi ekuletheni uxolo esifundazweni kule minyaka engu-20 eyedlule.

"Sibonga kasiphezi kubaholi abehlukene ngokusebenza ngokuzikhandla ukuletha uxolo olwagcina seluhehe nabaholi bakwamanye amazwe bazocobelela ulwazi ngokukhumelana umlotha ngemuva kokubambana ngezihluthu," kusho uNdunankulu Dube-Ncube.

UNdunankulu ubonge kakhulu kulaba baholi abahlukene ngokubambisana ukuletha uxolo, ubumbano nokubambisana esifundazweni.

Njengoba selumenyezelwe usuku lokhetho, uNdunankulu unxuse ukuthi umoya wobumbano nokubambisana uqhubeke nokuheleza esifundazweni ukuze kugwemeke uthuthuva nokuchitheka kwegazi.

"Sekungumlando ukuthi sadlula ezimweni ezinzima ngaphambi kokuthi sijabulele izithelo zenkululeko. Okusijabulisayo wukuthi izikhathi ezinzima zasiqinisa, saphokophela ekuletheni intuthuko kubantu – ngale kokubheka ukuthi baseka liphi iqembu lezepolitiki nokuthi banebala elinjani," kuphetha uNdunankulu Dube-Ncube.

# UHULUMENI WETHULE IZINHLELO ZOKUTHUTHUKISA UMNOTHO NOKUFUFUKULA OSOMABHIZINISI E-KZN

**UMNYANGO WEZOKUTHUTHUKISWA KOMNOTHO, EZOKUVAKASHA NOKONGIWA KWEMVELO**

KUYAJABULISA ukuthi siqeda iminyaka engaphezu kuka-30 inhlangano ebusayo uKhongolose ihola uhulumeni wesifundazwe.

Selokhu ngingenile kulo mnyango ngisebenzisana kahle neziMeya, Amakhansela, Abefundisi, Amakhosi aseNdlunkulu, yizinduna, osomabhizinisi kanye nomphakathi wonke jikelele. Ngizwakalisa ukubonga okukhulu egameni lomnyango kanye nabasebenzi bonke.

UNdunankulu wesifundazwe uNomusa Dube-Ncube enkulumeni yakhe ukubeke kwacaca ukusebenza ngokuzikhandla kwethu njengohulumeni wesifudazwe.

Uchaze kabanzi ngeqhaza elibanjwe yilo mnyango ukufukula amabhizinisi nokuthuthukisa umnotho wesifundazwe.

Ukuvezile ukutshalwa kwemali engu-R300 billion ngosomabhizinisi abazimele kuwo wonke amagumbi amane esifundazwe.

Uphinde wachaza kabanzi ngemisebenzi edaleke eDube Trade Port kanye nase Richards Bay Industrial Development Zone ukuheha abatshali bezimali. Ingaphezu kuka R30 billion imali



**UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo uMnu Siboniso Duma ngesikhathi ethula izinhlelo zokwakhiwa kwenye yezimboni**

etshaliwe kulama Zone womabili.

Kunohlelo olujabulisa umphakathi omningi lokuxhasa amaSpaza Shop ngaphansi kweZimele Fund.

- Ingu R22 million imali esibekwe nguMnyango. Kanti angu-500 amaSpaza Shops asethubeni lokuhlomula uR20 000 ukuze azithengele izimpahla zokudayisa.
- Kunenye imali ebolekisayo engafinyelela ku-R100 000 etholakala kwisikhwama iZimele Fund.
- Isamba sonke salemali singu R11, 9 million. Labo abanama Supermarkets, noma ama General Dealer nabo bangafaka izicelo. Amafomu azotholakala emahhovisi eThala nakwa-EDTEA kuma District wonke. Thumela uWhatsApp ku 072521 0897.


**Operation Vula Fund**

uHulumeni oholwa yi-ANC usuqinisekisile ukuthi ingaphezu kuka-R300 million imali okufukulwa ngayo osomabhizinisi abancane njengoba sivuselela umnotho ngenxa yokuthi sakhahlamezwa yi-COVID-19, izikhukhula futhi kwaba khona nezibhelu zika July ngo 2021.

Esinye isigaba sika Tier 1, ingaphezulu kuka-R192 million imali esizoyinikeza osomabhizinisi abafufusayo. Okwamanje sisabuka izicelo zabo.

Lezi zinhlelo sezizonke sihlose ngazo ukushintsha impilo yabantu bakithi njengoba babencishwe amathuba ekubambeni iqhaza emnotheni phambilini. Kule minyaka engu-30 UKhongolose ebusa izwe, baningi abantu bakithi asebengosozimboni nasebesungule amathuba emisebenzi emindenini eminingi.



MR SIBONISO DUMA
MEC FOR ECONOMIC DEVELOPMENT, TOURISM & ENVIRONMENTAL AFFAIRS - LOGB

#LeaveNoOneBehind

Kubekwe imali engaphansi kuka 300 million ngaphansi kohlelo lika operation vula.

KWAZULU-NATAL PROVINCE
ECONOMIC DEVELOPMENT, TOURISM AND ENVIRONMENTAL AFFAIRS
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

30 YEARS OF FREEDOM

GROWING KWAZULU-NATAL TOGETHER

# ZIYAZWAKALA IZIGI ZENDLONDLO YENTUTHUKO

**UMNYANGO WEZOKUTHUTHA**



**UNdunankulu wesiFundazwe uNksz Nomusa Dube-Ncube kanye noNgqongqoshe wezokuThutha uMnu Sipho Hlomuka bethula amaloli ungu-55.**

UMNYANGO wezokuThutha KwaZulu-Natal ulokhu uhamba phambili ngokuguqula impilo yezakhamizi zesifundazwe zibe ngcono, ngokutshala imali kwingqalasizinda yomgwaqo, ukuthuthukisa umnotho nokudala amathuba emisebenzi.

Kule minyaka engu-30 yenkululeko nentando yabantu, uMnyango wezokuThutha ukwazile ukwakha imigwaqo emisha waphinda walungisa leyo ekhona, okwenza amakhilomitha angaphezulu kuka-2 000.

Angaphezulu kuka-3 800 amabhuloho ezimoto nawezinyawo akhiwe ukuxhumanisa imiphakathi yasemakhaya ngesikhathi esifanayo. Lokhu sekwenze kwaba lula ukuxhumana kwezakhamizi, nokuba zifinyelele kalula ezikoleni, ezibhedlela, nasezindaweni zomnotho ezahlukene.

Ethula inkulumo yesifundazwe, uNdunankulu uNks Nomusa Dube-Ncube ubalule umsebenzi osuwenziwe ekuthuthukiseni ingqalasizinda yezokuthutha, wathi kunemiphakathi okuyimanje isithokozela ukuwela imifula ngamabhuloho akhiwe ngohlelo iWelisizwe lapha esifundazweni.

"Ngaphansi kwalolu hlelo kunamabhuloho angu-22 akhiwayo, lapho angu-11 esephothuliwe kanti amanye angu-11 azophothulwa kuwona lo nyaka," kusho uNdunankulu.

UMnyango kule minyaka edlule uphinde wagqugquzela kakhulu ukunika amathuba kosonkontileka abamnyama nabesifazane emkhakheni wezokuthutha, lapho bephinda bacijwe ezinhlelweni ezahlukene. Lokhu kudale amathuba emisebenzi, ukuthuthukiswa kwamakhono, kwasiza nasekulweni nobubha.

Kukhona nezinhlelo zokudala imisebenzi njengeSthesha Waya Waya neVukayibambe Routine Road Maintenance Programme esezihlomulise izinkulungwane zabantu abasha, ikakhulu ekugcinweni kwemigwaqo isesimweni esihle.

Kulokhu uNdunankulu Dube-Ncube uphinde waveza ukuthi uMnyango wezokuThutha usuthenge namaloli angu-55 azobhekela umsebenzi wokuvala izikhinsi (potholes) ezilokhu zihlasele imigwaqo esifundazweni.

Uthe umnotho waKwaZulu-Natal kanye nabasebenzisi bomgwaqo bazohlomula kakhulu ngentuthuko eqhubekayo emigwaqeni uN3 no-N2 okwenziwa uMnyango wezokuThutha neSouth African National Roads Agency (SANRAL).

Ibalelwa ku-R26 billion imali etshalwe kulo msebenzi okulindeleke ukuba ithathe iminyaka eyisishiyagalombili ukuphothulwa.

"Le misebenzi iyingxenye emqoka yohlelo lokuvuselelwa komnotho, i-Economic Reconstruction and Recovery Plan (ERRP) eyamenyezelwa nguMengameli Cyril Ramaphosa ngo-2020, lapho ukuthuthukiswa kwengqalasizinda kuhlonzwe njengesisekelo sokukhuliswa komnotho.

Okunye okube yingqophamlando esifundazweni iKwaZulu-Natal ukwethulwa kohlelo olusha lwezinombolo zezimoto okwenziwe nguNdunankulu uDube-Ncube ngoDecember 2023.

Lolu hlelo olube nesasasa kubanikazi bezimoto lwenziwe ngemuva kokubona ukukhula kakhulu kwesibalo sezimoto ezibhaliswa esifundazweni. Uhlelo lwezinombolo olusha luhambisana nolwenziwa kwezinye izifundazwe kanti luzovumela ukubhaliswa kwezinombolo ezibalelwa ku-15 200 000.

Ephawula ngomonakalo wezikhukhula KwaZulu-Natal, uNdunankulu uncome indlela uMnyango wezokuThutha ophendula ngayo ekulungiseni umonakalo wengqalasizinda.

Uthe kusuka ngezikhukhula zika-April 2022 zaphinda nangoJune 2023, umonakalo ubalelwa ngaphezulu kuka-R5,799 billion, lapho kube namaphrojekthi abalelwa ku-1 372 athintekile ezifundeni ezahlukene.

UMnyango wezokuThutha uphinde watshala ngaphezulu kuka-R20 billion ekusebenzeni kwezithuthi zomphakathi, okwehlisa nezindleko kubagibeli.

Lokhu kuhlanganisa nokuthuthwa mahhala kwabafundi abangaphezulu kuka-79,000 nsuku zonke kanjalo nokusabalalisa amabhayisekili angaphezulu kuka-35 000 kubafundi abahamba amabanga amade beya esikoleni.

# ZIQINILE IZINHLELO ZOKUPHEPHA NOKULWA NOBUGEBENGU NOKUPHEPHA KWAZULU-NATAL

**UMNYANGO WEZOKUPHEPHA KANYE NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI**



**UNdunankulu wesiFundazwe uNksz Nomusa Dube-Ncube ehambisana noMkhuzi wamaPhoyisa uLt Nhlanhla Mkhwanazi kanye noNgqongqoshe wezokuThutha uSipho Hlomuka ethula uhlelo lokulwa nobugebengu e-KZN.**

UYAQINA umsebenzi wokulwa nobugebengu esifundazweni njengoba kule minyaka engu-30 yenkululeko uMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi ulokhu usekhaleni lale mpi ngokusebenza namaphoyisa. Sekwakhiwe kwaphinde kwathuthukiswa iziteshi ezintsha esifundazweni, kwathengwa izimoto ezintsha kwaphinde kwaqashwa namaphoyisa angeziwe ukuqinisa uhlelo lokulwa nobugebengu. Ingqalasizinda efana neziteshi zamaphoyisa eManguzi, Ntuzuma, KwaMashu, uMlazi ukubala ezimbalwa, kuphucule kakhulu ukusebenza kwamaphoyisa.

Kule minyaka edlule izindawo ebezidume ngobugebengu ezifana noNanda, KwaMashu naseMlazi, zishintshe kakhulu noma zisekhona izinselelo zoubugebengu. Kwezinye izindawo eziningi kufakwe neziteshi ezinigi ezingomahamba nendlwana.

Ngesikhathi ethula inkulumo yakhe ayibhekise kubantu besifundazwe e-Oval Cricket Stadium, uNdunankulu uNomusa Dube–Ncube, uthe uHulumeni uzokwenza konke ukulwa nobugebengu obubucayi, okubalwa phakathi kwabo nokulwa nokubulawa kwaMakhosi, izinduna kanye nosombusazwe.

Phakathi kokunye uNdunankulu abike ngakho umsebenzi okubalwa kuwona nokusebenza ngokuzikhandla kwamaphoyisa njengoba ebophe abantu abangaphezulu kuka-10 000 kulesi sikhathi samaholidi. Ukukhombisa ubuchule, amaphoyisa esifundazwe aphinde amemezela ukuthi asebabophile abasolwa abayisikhombisa abasowla ngokuba obhongoza ekubulaweni komculi u-Kiernan "AKA" Forbes kanye nomngani wakhe u Tebello "Tibs" Motsoane.

Kulandela isiphakamiso esibekwe nguNdunankulu uNomusa Dube-Ncube sokuthi izinhlaka zomphakathi ezivolontiye ukulwa nobugebengu mazisebenze ngokubambisana noHulumeni namaPhoyisa ukuze sinqobe isihlava sobugebengu emphakathini.

UMnyango usukumele phezulu wanikela ngezimoto ezingu-95 ukulekelela izinhlaka zomphakathi ukuthi zenze kalula umsebenzi wokujaha izigebengu. Phezu kwalokho umnyango uqeqesha amalunga alezi zinhlaka ngamasu okulwa nobugebengu uphinde uqinisekise ukuthi amalunga awaphambani nomthetho ngesikhathi elwa nezigilamkhuba emphakathini.

Izingxoxo zokubuyisa ukuthula, uzinzo nokubambisana kosopolitiki seziqalile esifundeni saseMkhanyakude, Amajuba kanye ne-eZululand, lapho sekube kwabikwa khona izigameko eziningi ezishaqisayo zokubulawa kwabaholi bezombusazwe ikakhulu amaKhansela. Kusungulwe iKomidi labaholi bezombusazwe lokulwa nokubulawa kosombusazwe nokwakha ukubekezelelana kwezombusazwe. Inhloso ngqangi yaleli komiti ukuqinisekisa ukuthi alubikhona uthuthuva noma ukukhombana ngenjumbane kwamaqembu ezombusazwe ngenxa yokungaboni ngasolinye.

Lo mnyango unezinhlelo zokuqiniswa kokuvikela nokuphepha kwabaholi bomdabu, Amakhosi neZinduna. Ngokusebenza ngokubambisana nobuholi namaPhoyisa, uMnyango Wezokubusa ngokubambisana nezindaba zoMdabu (COGTA), uzosebenzisa ubuchwepheshe besimanje okubalwa amaCCTV camera ukuqapha izindawo zamakhosi ukuze impilo yamakhosi nemiphakathi ayibusayo iphephiswe.

> **"UMnyango usukumele phezulu wanikela ngezimoto ezingu-95 ukulekelela izinhlaka zomphakathi ukuthi zenze kalula umsebenzi wokujaha izigebengu."**








**Sifake itiyela imigwaqo emisha engamakhilomitha angaphezulu kuka - 2 000 kuleminyaka engu 30 yenkululeko.**

KWAZULU-NATAL PROVINCE TRANSPORT REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

30 YEARS OF FREEDOM

GROWING KWAZULU-NATAL TOGETHER





MS NOMAGUGU SIMELANE
MEC FOR HEALTH

#LeaveNoOneBehind

**Kufakwe imali engango 2.8 Billion kwakhiwa isibhedlela iDr Pixley Ka-Isaka Seme.**

KWAZULU-NATAL PROVINCE HEALTH REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

30 YEARS OF FREEDOM | GROWING KWAZULU-NATAL TOGETHER

# ISIBHEDLELA I-DR PIXLEY KA-ISAKA SEME IZA NOMEHLUKO OMKHULU KWEZEMPILO E-KZN

**UMNYANGO WEZEMPILO**




**Yiso lesi sibhedlela esisha iDr Pixley Ka-Isaka Seme Memorial esivulwe nguMongameli Cyril Ramaphosa esizonakekela umphakathi waseNanda, Ntuzuma kanye naKwaMashu.**

IMITHOLAMPILO eyevile ku-300; "izibhedlela ezincane" okungama-Community Health Centre; izibhedlela ezinkulu ezimbili ezisezingeni eliphezulu; kanye namathuba omsebenzi angamakhulu ezinkulungwane.

Lezi ngezinye zezinto ezihlaluke ngesikhathi uNdunankulu waKwaZulu-Natali uNksz Nomusa Dube-Ncube ethula iNkulumo yakhe esemthetheweni yeSimo sesiFundazwe.

Ukhumbuze izakhamuzi ngebanga elide eselihanjiwe ukuthuthukisa ukutholakala kwezinsiza zezempilo kule minyaka ewu-30 eyedlule yentando yabantu, ngaphansi kukaHulumeni oholwa yi-ANC.

Uthe isifo ebesiwumashayabhuqe phambilini, i-HIV ne-AIDS, sesithothobaliswe kakhulu, njengoba bebaningi abantu asebazi ukuthi baphila nalo yini leli gciwane noma cha; kanjalo nabadla imishanguzo (abangaphezu kuka-1,5 million); kanye nalabo abayidla imishanguzo kangangoba igciwane alisatholakali emzimbeni.

Uqhube wathi lo Hulumeni oholwa yi-ANC ulethe ithemba nesithunzi kubantwana abaningi abaphuma

> **Senze lukhulu ukuthuthukisa ezempilo KwaZulu-Natal, futhi sisazoqhubeka.**
>
> **- uNdunankulu, uNksz Nomusa Dube-Ncube**

emakhaya ahlwempu asebengodokotela, abahlengikazi, kanye nakweminye iminxa emkhakheni wezempilo.

"Sesiqeqeshe odokotela abawu-1739 lapha esifundazweni sakithi, saphinde saqeqesha odokotela abangu-933 ngaphansi kohlelo lukaNelson Mandela/Fidel Castro Cuban Medical.

"Ngaphezu kwalokho, uhlelo lwethu olunzulu oluqeqesha odokotela ukuze babe wongoti kwezokwelapha, selukhiqize ochwepheshe abawu-1 791 kusukela ngo-2008. Kumanje bangu-337 esiqhubekayo nokubaqeqesha."

Uthe izibhedlela ezisezingeni eliphezulu ezakhiwe wuHulumeni we-ANC yi-Dkt Pixley Ka-Isaka Seme enemibhede ewu-500, KwaMashu, enyakatho yeTheku; kanye nesibhedlela Inkosi Albert Luthuli Central eThekwini, esingesinye sezibhedlela ezihlonishwayo emhlabeni. Kuvele nokuthi miningi imitholampilo emisha eyakhiwayo, kanti nemiphakathi eyayinganakiwe futhi eyayishaywa indiva woHulumeni baphambilini namhlanje isinezikhungo zezempilo ezithi yona, ezinodokotela nabahlengikazi bazo, kanye nemishini eyahlukahlukene elekelelayo ekuhlinzekweni komphakathi ngezinsiza zezempilo.

Lena yimiphakathi esezindaweni ezifana no-Pomeroy, Jozini, Nseleni, Gamalakhe, Mthwalume, Pholela, St Chads, eDumbe, Dannhauser, eZakheni, Nseleni, Ndwedwe, KwaMashu nezinye eziningi.

Uveze nokuthi isifundazwe siyazigqaja ngokwehla kwesibalo sabantu abahaqwa yi-cholera, esake safika ku-300 000, njengoba manje sekudlula emhlabeni abawu-1% kuphela. Isibalo sabábulawa wuMalaleveva sehle ngo-95%, kanti lapha kubongwa ukubambisana phakathi koMnyango wezeMpilo kanye ne-Medical Research Council.

# UHULUMENI UYAQHUBEKA NOKUSABALALISA IZINHLELO ZOKUNAKEKELA NOKUTHUTHUKISA UMPHAKATHI

**UMNYANGO WEZOKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI**

UKWENTULEKA kwamakhono okuziphilisa kungezinye zezinto ezidala ukuthi abantu besifazane bangakwazi ukushiya ebudlelwaneni abakubona ngisho sebehlukumezeka. Uhulumeni waKwaZulu-Natal usuhambe ibanga elide kakhulu ekulweni nokuhlukunyezwa kanye nokubulawa kwabantu besifazane.

Ziningi izinhlelo esezenziwe ukuze kungenelelwe kuliwe nale nkinga. UMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi, ngokubambisana nomNyango wezokuThuthukiswa koMnotho, ukuVakasha nokuNakekelwa kweMvelo kanye no-Small Enterprise Development Agency (Seda) banezinhlelo eziningi zokucija abantu besifazane ngamakhono.

Bangu-26 401 abantu besifazane asebehlomule kulezi zinhlelo, okubasiza ukuthi bakwazi ukuziphilisa ngokuthi basungule amabhizinisi abo noma baqashwe. Kokunye abaqeqeshwa kukhona ukuthunga, ukuqeqeshwa ekusebenziseni amakhompyutha, ukuphatha amabhizinisi kanye nokukhangisa amabhizinisi abo.

Uma sebegogodile baye bagixabezwe ngezitifiketi eziqinisekisa ukuthi sebenamakhono, babuye bathole izinsiza zokusebenza okubalwa kuzo njengamakhompyutha, izinsiza zokuthunga, imishini yokuthunga, ohhavini




**UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi uNks Nonhlanhla Khoza ngesikhathi ethula izinsiza zokuthuthukisa imiphakathi e-KZN.**

bokubhaka, izitofu zokupheka, izinto zokulima, njalo njalo, ukuze bakwazi ukuzisebenza baziphilise. IHhovisi likaNdunankulu selikwazile ukunikezela abantu besifazane abangu-300 ngemishini yokukhokha ngamakhadi ukuze bakwazi ukuqhuba kahle amabhizinisi abo.

Ngaphezu kwalokho, kulo nyaka odlule nje kuphela, bevile ku-180 000 abantu besifazane abahlomulile ezinhlelweni, okubalwa ukunikezela ngamaqabelo, ukubacija ngolwazi olubenza bakwazi ukuzivikela ekuhlukunyezweni nokusizakala uma behlukumezekile. Lokhu kusiza kakhulu ekwehliseni izibalo zabantu besifazane abagcina beyizisulu zokuhlukunyezwa.

Konke lokhu kulandela umhlahlandlela owasungulwa iHhovisi likaNdunankulu ngo-2022, olubizwa ngokuthi yi-Provincial Gender Based Violence and Femicide Strategic Implementation Plan. IHhovisi likaNdunankulu yilo eliqinisekisa ukuthi lomhlahlandlela uyalandelwa. Bangu-755 abantu besifazane abasinde ezehlakalweni zokuhlukunyezwa abahlomule ohlelweni lokubakhoselisa, kanti bangu-112 964 abathole ukwelulekwa ngokomqondo. Kubuye kwaqeqeshwa abantu abazokwazi ukuthi baqeqeshe abanye ezifundeni zonke esiFundazweni ukuze bakwazi ukuqhubezela izinhlelo zokuvikela ukuhlukunyezwa kwabesifazane, ukusizwa kwabayizisulu zodlame kanye nokuvikela ukubulawa kwabo. Kule minyaka engu-30 selokhu izwe lathola inkululeko, uhulumeni ususebenze ngokuzikhandla ukufukula abantu besifazane njengoba babebandlululwe kathathu ukwedlula amadoda.

Abantu abasha nabo abasalanga ngaphandle ezinhlelweni zentuthuko. Ingu-15273 intsha esicijwe ngamakhono alekelelayo ukuthi ikwazi ukuziphilisa. Izinhlelo zokucija intsha ngamakhono zitholakala ezikhungweni ezahlukehlukene, okuyi-seSicabazini (UMkhanyakude), Vuma (King Cetshwayo), Ndumo (UMkhanyakude), Mamba ICT Academy (King Cetshwayo), Blaauwbosch (Amajuba), Dambuza (UMgungundlovu), Tolomane Mnyayiza (Ugu), Wentworth (eThekwini), Clermont (eThekwini) naseSonkombe (iLembe).Yevile ku-R200 000 000 imali esisetshenziswe kulolu hlelo.

UMnyango uyibambe ekhaleni eyokulwa nokusetshenziswa kwezidakamizwa. Kunezikhungo ezintathu zikahulumeni ezelapha abanenkinga yokusebenzisa izidakamizwa. Lezi zikhungoyiNewlands Park Centre (eThekwini), Madadeni Rehabilitation Centre(Amajuba) neKhanyani (Amajuba).

Kukhona nezikhungo ezingamashumi amabili nambili ekungezenhlangano engenzinzuzo. Lolu hlelo selusize abantu abangu-3 319, kwasetshenziswa imali engu- R520 800 000.

# MUKHULU UMSEBENZI OWENZIWE UHULUMENI UKUBUYISA ISITHUNZI SAMAKHOSI

## UMNYANGO WEZOKUBUSA NGOKUBAMBISANA NEZINDABA ZOMDABU



**Isilo Misuzulu KaZwelithini ebingelela uNdunankulu wesifundazwe kweminye yemikhosi emqoka esizweni samaZulu.**

INDLU yobuholi boMdabu KwaZulu-Natal ibalwa njengeminye ehlonishwayo ezweni lonke ngenxa yomsebenzi osewenziwe uMnyango wezokuBusa nokuBambisana kanye neziNdaba zoMdabu kusukela lohulumeni wangena emandleni eminyakeni engu-30.

Lokhu kuhlaluke obala ngesikhathi uNdunankulu uNkz Nomusa Dube-Ncube ethula inkulumo ayibhekise esifundazweni eMgungundlovu, lapho eqhakambise umsebenzi woMnyango kusukela ngo-2004 uhulumeni athatha ngawo izintambo zombuso KwaZulu-Natal. Amakhosi asezuze okuningi kuhlanganisa noNdlunkulu, izinduna kanye nomabhalane bezinkantolo zamakhosi. UMnyango wakwazi ukukhuphula umhlomulo wamakhosi ngo-300 % usuka ku-R5000 ngaphambi kuka-2004. UMnyango waphinde wathatha isinqumo sokuba kwakhiwe kabusha izinkantolo zamakhosi esezaziwa ngama -Traditional Administrative Centre. Lezi zakhiwo sezikwazi nokufaka eminye imiNyango kahulumeni ukusondeza izinsiza kubantu.

"Sithuthukise imithetho eminingi ukuqhakambisa iqhaza lamakhosi esifundazweni. Inhloso yalokhu uhulumeni ubefisa ukubeka imithetho elawula ukusebenza kwamakhosi kanye nokukhetha izindlalifa ezizoqhubeka nobukhosi emindenini. Ukuze kuvikeleke isithunzi samaKhosi emphakathini, ngo-2005 uhulumeni wesifundazwe wethula uhlelo lokwakhela amakhosi imizi yezizwe ewafanele. Sikhuluma nje ingu-40 Imizi Yezizwe eseyakhiwe," kusho uNdunankulu.

Amakhosi aphinde ahlomula kakhulu ngoqeqesho lukahulumeni ukuwahlomisa ngolwazi. Angaphezulu kuka-50 amakhosi athole uqeqesho olukhokhelwe uMnyango. Kuphinde kwaqeqeshwa nomabhalane abangama-307 bezinkantolo zamakhosi base behlinzekwa ngama Lap-Top kanye nama 3G cards e-internet. UMnyango uphide wakwazi ukwenyusa imali yabo yesibonelelo kusuka ku-R800 yaya ku R1500.

Ekubhekeleleni iqhaza elibanjwe woNdlunkulu uhulumeni uzibophezele ngokubeka eceleni u-R10 million ozobhekelela imisebenzi (Projects) eholwa ngoNdlunkulu kulo nyakazimali ozayo. Lesi sikhwama semisebenzi yoNdlunkulu siyokwethulwa ngokusemthethweni ohlelweni lwe-Invest Rural, oluzokuba ngo-April 2024, ukuze kuthuthukiswe umnotho, kufukulwe ingqalasizinda, kwenziwe ngcono nempilo yemiphakathi yasezindaweni zasemakhaya.

Ukulwa nesihlava sokubulawa kwamakhosi, umnyango wakwa-Cogta ngokusebenzisana no Community Safety and Liaison inikezwe u R11 million ukwenza izaba zokuvikela amakhosi. Lokhu kuzohlanganisa ubuchwepheshe besimanje manje, ama-camera azofakwa emiphakathini lapho kuhlala khona amakhosi.

UMnyango uphinde wakubeka eqhulwini ukuxhasa omasipala abangenzi kahle ukubalekelela. Uhlelo olwaziwa nge District Development Model oluholwa nguMengameli ngezimbizo luthele izithelo njengoba lufikile nasesifundazweni luhlanganisa zonke izinhlaka zikahulumeni nezizimele ukuletha intuthuko. UMnyango ungenelele komasipala ubahlomisa ngolwazi waphinde wathuthukisa ngamakhono ukuze omasipala bakwazi ukusebenzisa izimali zama-grant eziqhamuka emnyangweni kanye nakuhulumeni kaZwelonke.

# UMNYANGO WEZEZIMALI UZIPHETHE KAHLE IZIMALI ZEMIPHAKATHI KWAZULU-NATAL

## UMNYANGO KAMGCINI MAFA




**UNgqongqoshe wezeziMali uNksz Peggy Nkonyeni ngesikhathi eklomelisa eminye yeminyango eyenza kahle ekuphatheni kwezimali.**

ATHELE izithelo ezinhle amagalelo kaHulumeni KwaZulu-Natal okuphucula izinga lokuphathwa kwezimali njengoba imiNyango eyisithupha nesiShayamthetho esifundazweni bethole imibiko emihle yezezimali kuMgcinimabhuku.

Lokhu kungumthelela omuhle wohlelo i-Operation Clean Audit isifundazwe esizibophezele kulo ukuze kuphatheke kahle izimali zesifundazwe. Leli yigxathu elihle ekuphuculeni indlela uhulumeni aphatha ngayo izimali kusuka emibikweni emihle emibili eyayikhishwe nguMcwaningimabhuku ngonyaka wezimali ka-2018/2019.

Ethula iNkulumo yesiFundazwe saseKZN ePhalamende eMgungundlovu, uNdunankulu, uNkk. Nomusa Dube-Ncube, utuse isasasa lokuphucula izindlela zokuphatha kahle izimali zikahulumeni wathi intshisekelo enkulu wukuthi yonke imiNyango nezikhungo zikahulumeni kanye nomasipala bathole imibiko emihle yokuphathwa kwezimali futhi kube nomthelela omuhle wokuphucula ukulhinzekwa kwezidingo kubantu.

UNdunankulu Dube-Ncube uphinde wamemezela ukuthi uHulumeni wesiFundazwe iKZN wenza kangcono ohlelweni lwawo lwe-Operation Pay On Time, Sikhokha Ngesikhathi njengoba sekuxazululwe izingqinamba ezingu-216, kwezingu-288, kwakhokhelwa abahlinzeki bemisebenzi imali engango R281 million kulo nyaka esiphuma kuwo.

Lokhu kuzolekelela ukuthi kusimame abezamabhizinisi abasebenzisana nohulumeni futhi balekelele ekukhuliseni umnotho wesifundazwe. Zombili lezi zinhlelo, i-Operation Clean Audit ne-Operation Pay On Time, Sikhokha Ngesikhathi ziqhutshwa uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa KwaZulu-Natal ngaphansi kukaNgqongqoshe wezeziMali uNkk. Neliswa Peggy Nkonyeni.

UNkonyeni uthe kubalulekile ukuthi umNyango wenze yonke imizamo ukulekelela imiNyango nezikhungo zikaHulumeni esiFundazweni ukuthi ziphucule ukusebenza kwabo ekuphwathweni kwezimali.

"Kufanele sihlinzeke izinsiza ngendlela kulezi zinhlelo ukuze sifinyelele kulokho esizibekele khona," kuchaza uNkonyeni.

Uhulumeni wesifundazwe uphezu kohlelo lokunciphisa imibiko yezimali engemihle (qualified audit reports) kuhulumeni okungenani ngo-75% eminyangweni eyi-6 ngo-2024.

# KWAKHIWE IZINDLU EZINGAPHEZULU KUKA 690 000 E-KZN

**UMNYANGO WEZOKUHLALISWA KWABANTU**



**UMphathiswa wezokuHlaliswa kwaBantu nemiSebenzi yoMphakathi uMhlonishwa Sipho "KK" Nkosi ngenkathi ethula izinhlelo zokwakhiwa kwezindlu e-KZN**

UKUFAKAZISA amazwi kaNdunankulu waKwaZulu-Natal uMhlonishwa Nomusa Dube-Ncube okuthi, "kukhona into ehlanganisa indlela esikhule sihlala ngayo nobubha, ukungalingani nokuntengantenga kwezomnotho," kuvezwa obala uMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu.

UMnyango, ekuvezeni ukuba khona kwalezi zinsalela zesikhathi esidlule sobandlululo, uzoqhubeka ungadikibali ukuqinisekisa ukuthi akukho sigceme kulesi siFundazwe esizoshiyeka ngaphandle ezinhlelweni zomsebenzi wezokuhlaliswa kwabantu.

Eminye yale mizi engu-690 000 esiyakhiwe nguMnyango kule minyaka engamashumi amathathu ombuso wentando yabantu ezindaweni ezahlukehlukene ngeka Gogo Nobandla Hlongwane oneminyaka engu-98 waseTshelimnyama eMarianhill.

UGogo Hlongwane uthi ubese ephelelwe yithemba lokuthi uyoke ayithole indlu, ubonge kuHulumeni kanye noMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu ngokumakhela indlu azohlala kuyona kanye nabazukulu bakhe abayisishiyagalombili (8).

Bazohlala ngokuthula endlini yabo entsha sha. Lolu hlelo lokwakha izindlu seluhlomulise abantu abangaphezulu kuka-2.8 million unyaka nonyaka lokho kwenzeka selokukho kwangena uhulumeni wentando yabantu.

UMnyango uyaqhubeka njalo nokuhlinzekezela ngezindlu kubantu abahlwempu njengoba wawenza eminyakeni engamashumi amathathu edlule, futhi uyaqhubeka nokungenelela nasekudlaleni indima ebalulekile kwezezindlu ukwenza impilo engcono kubantu.

Ukuze kuzuze wonke umuntu ngokuhlukana, uMnyango ushintshe indlela ohlinzekela ngayo iziza ezilungisiwe, nezindlu zalabo bantu abaswele kanye neziyimiklamo emikhulu yama flethi lapho abantu bezokwazi ukuqasha khona bahlale ngokuphepha.

Lokhu kutshengisa ukuthi uMnyango udlala indima ebalulekile ekuthuthukiseni nasekwakheni isifundazwe sawo wonke umuntu ohlala kusona, njengoba izindlu ezakhiwayo eminyakeni engamashumi amathathu yentando yabantu zingu sayizi omkhulu wesimanje okungu-40-square meters kanti futhi ziletha ukuzwana kubantu abahlukehlukene ngokwebala, nangokwemali engenayo ngenyanga.

UMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu esifundazweni awuzishiyanga ngaphandle izindawo ezikude nezisemakhaya kumkhondo wokulethwa kwezindlu njengoba kwakhiwe izindlu ezingaphezu kwezinkulungwane ezingamakhulu amabili ezakhelwe abantu basemakhaya. Kulezi zindlu ezakhiwe eziyinkulungwane ezingamashumi amathathu nesikhombisa zakhelwe abantu abebehlala ezindlini zodaka.

Izinhlelo zemiklamo eyishumi nesishiyagalolunye zamaflethi okuqasha ezakhelwe abahlomulile abangaphezu kwezinkulungwane ezimbili namakhulu amahlanu, iziza esezilungisiwe zingaphezu kwezinkulungwane eziyishumi nesithupha namakhulu ayisishiyagalolunye okuhlanganisa inkulungwane nekhulu kanye neshumi nesithupha ezibonakalayo.

Konke lokho kuhlose ukulekelela uhlelo lokuqeda izindawo eziyizakhiwo (Informal Settlement Upgrading Programme – ISUP) abantu bahlale ezindaweni ezithokozisayo neziphephile.

# ZIYAQHUBEKA IZINHLELO ZOKULUNGISWA KWENGQALASIZINDA KA HULUMENI

**UMNYANGO WEZEMISEBENZI YOMPHAKATHI**

UNGQONGQOSHE Wezemisebenzi Yomphakathi KwaZulu-Natali oholwa uNgqongqoshe wezokuHlaliswa Kwabantu neMisebenzi Yomphakathi, uMnuz. Sipho "KK" Nkosi ulokhu uqhubeke njalo nokufuqela intuthuko kubantu ngenhloso yokuthuthukisa yokwenza impilo yabo ibe ngcono.

Esikhathini esiyiminyaka engamashumi amathathu (30) izwe lase Ningizimu Afrika lathola inkululeko lo Mnyango ubulokhu ukubeke eqhulwini ukwakhiwa kwamathuba emisebenzi ngenhloso yokufukula umnotho.

Lokhu kuphinde kwavela lapho uNdunankulu weSifundazwe uNkk. Nomusa Dube-Ncube ethula inkulumo enohlonze ebhekiswe kubantu balesi sifundazwe ebizwa ngele, State of the Province Address (SOPA) ngesikhathi kuqhubeka umcimbi obubanjelwe ezinkundleni zemidlalo e-Oval Cricket Stadium eMgungundlovu mhla zingu 28 ku Nhlolanja 2024.

Ngaphansi kukaHulumeni weNtando Yabantu lo Mnyango ukuqinisekisile ukwakhiwa kweNgqalasizinda elekelela yonke iMinyango kaHulumeni ngaphansi kweSifundazwe ukuthi ikwazi ukusebenzela ezakhiweni eziseqophelweni eliphezulu.

Lapha kubalwa izakhiwo zikaHulumeni ezakhiwe ngenhloso yokusondeza nokwenza lula ukuthi abantu bathole usizo ngendlela efanelekile nengenazo izihibe.

Le ngqalasizinda noma izakhiwo ezibalulwa lapha zihlanganisa imiklamo eyevile kwizinkulungwane eziyishumi (10 000) uma zibalwa ngokwehlukana njengoba kukhona izakhiwo ezisetshenziswa abasebenzi bakaHulumeni kanye nomphakathi.

Lokhu kuhlanganisa ukwakhiwa kanye nokuphuculwa kwezikole, imitholampilo, izakhiwo zezamanzi nenhlanzeko, ezolimo nokuthuthukiswa kwezindawo zasema khaya, njalonjalo.

Lo Mnyango uphinde wengamele uhlelo lukaHulumeni kaZwelonke olulwa nobubha olwaziwa ngele - Expanded Public Works Programme (EPWP). Lolu hlelo selulekelele abantu abangaphezu kwesigidi (1 million) ukuthi bathole imisebenzi yesikhashana ephinde ibavulele amathuba ezomnotho ngenhloso yokuxosha ikati eziko.

Phezu kwalokho, lolu hlelo lubhekelela wonke umuntu okubalwa kuwo, intsha, abantu besifazane, abaKhubazekile kanye nomaKadebona beZempi ababekade bengasizakali ngendlela efanele esikhathisini esiphambilini.

Le misebenzi yomphakathi iphinde ihlomulise osomabhizinisi abaningi ngesikhathi behlonzwa, beqashelwa nemisebenzi ehlukahlukene uma kwenziwa izakhiwo zikaHulumeni.



**Lesi ngesinye sezakhiwo ezakhiwe uhulumeni ngaphansi koMnyango wezeMisebenzi.**

Nokho ke zibe khona izingqinamba ngesikhathi eminye yale misebenzi iphazamiseka ngesikhathi umhlaba wonke wehlelwa umshophi kulandela ukubhebhetheka kwegciwane lokhuvethe elaziwa nge - Covid 19.

Phezu kwalokho ngokusebenzisana nezinhlaka zomphakathi sikwazile ukuqhubeka lapho esasigcine khona ngenhloso yokuqhubeka nemisebenzi esabalele kwisifundazwe sonke saKwaZulu-Natali.

# EZOLIMO ZIYAQHUBEKA NOKUBA NGUMGOGODLA WEMPILO ENGCONO NOKUKHULA KOMNOTHO

**UMNYANGO WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA KWEMIPHAKATHI YASEMAKHAYA**







**UNdunankulu wesiFundazwe uNksz Nomusa Dube-Ncube kanye noNgqongqoshe wezoLimo uMnu Super Zuma ngesikhathi bethula umkhankaso wokutshala e-KZN.**

IYABABAZEKA intuthuko esilethwe uMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya ezimpilweni zabafuyi kanye nabalimi esifundazweni sakwaZulu-Natal kule minyaka engamashumi amathathu izwe lazuza inkululeko.

Ukulwa nobubha, indlala, ukwentuleka kwemisebenzi nokungalingani, uMnyango usungule izinhlelo zokuxosha ikati eziko ezizokhulisa futhi zibuyisele umnotho ezandleni zalabo ababencishwe amathuba ngaphambilini.

Kusukela ngonyaka ka-2019, kutshalwe imali elinganoselwa ku-R423 million ukweseka amaphrojekthi ezolimo angu-185 anamalungu angu-665 esewonke.

Kwabahlomulile kubalwa abesifazane, intsha, abantu abaphila nokukhubazeka kanye nalabo ababeyingxenye yoMkhonto Wesizwe Military Veterans. Lokhu kuzibophezela koMnyango kube nomphumela wokwanda komkhiqizo wezitshalo kwaqinisekisa nokuthi kunokudla okwanele esizweni.

Ngaphansi kohlelo lokuthuthukisa imfuyo ngokushintsha ufuzo, uMnyango usunikezele ngohlobo lwezinkunzi zama-Bonsmara, amaBeefmaster kanye namaBrahman azolekelela ukuba izinkomo zibe sezingeni eliphezulu ukukhiqiza inyama.

Lokhu kuzosiza abafuyi ukuba bakwazi ukudayisela izitolo nama busha amakhulu. Ngonyaka odlule uMnyango wafinyelela esivumelwaneni no-Karan Beef sokuhlizeka ngezinkomo ezingu-3 100 ngenyanga ezizovela kubafuyi basesifundazweni.

UMnyango WeZolimo nezokuThuthukiswa kweMiphakathi uphinde waqopha umlando ngokuvula amathuba kwimboni yensangu okubikezelwa ukuthi ingaphezu kuka-R107 billion. Abalimi abangu-664 sebenemvume yokutshalwa bakhiqize umthunzi wezinkukhu.

Kuzoqhutshwa ukuthuthukisa amakhono okucwaninga, okuhlanganisa nezinsiza zokuhlaziya ukuze kwesekwe laba abangu-664. Ethula inkulumo abeyibhekise esizweni, uNdunankulu uNkz Nomusa Dube-Ncube uthe ngokusebenzisa uhlelo lwe-One Home One Garden olugqugquzela ukuba wonke umuzi ube nesivande, kanye nohlelo lokuphindaphinda kwezimbewu nezithombo uMnyango ususize imindeni elinganiselwa ku-128 205 kusukela ngo-2019.

"Ukwehliswa kwesabelomali sesifundazwe okwenziwa kuyo yonke iminyango kahulumeni, kanye nokwenyuka okumangalisayo kwamanani okudla kunomthelela omubi ekufinyeleleni kokudla. Ngakho-ke ngijube uNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya uMnu Super Zuma ukuthi asungule adlulisele ama-Agri-Hub kanye nohlelo lwe-Commerce Mechanization ukuze kusheshiswe ukusebenza. Lesi sithuthuthu senjongo ekhethekile sizoheha ukutshalwa kwezimali, sandise umkhiqizo, futhi sidale izimakethe zasekhaya nezangaphandle zabalimi bethu futhi sizixhase ngezimali.

# UHULUMENI UZIBOPHEZELE UKUQHUBEKA NOKWAKHA IZIKOLE NOKUPHUCULA IZINGA LEMFUNDO E-KZN

**UMNYANGO WEZEMFUNDO**

> **UMnyango uyaqhubeka nokwakha izikole zokuhlinzeka abafundi abaphila nezinhlobo ezahlukahlukene zokukhubazeka.**
>
> **- uNdunankulu, uNksz Nomusa Dube-Ncube**




**I-Anton Lembede yezinye yezikole zikanokusho ezakhiwe zaphothulwa nguhulumeni.**

EMINYAKENI engu-30 edlule yentando yabantu, uMnyango wezeMfundo waKwaZulu-Natal ubulokhu uzibophezele ekuthuthukiseni izinga lezemfundo ngokuhambisana nezinjongo ze National Development Plan ne-Millennium Goals ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi zonke izikole ziyindawo ephephile yokufunda lapho abafundi bethola khona ulwazi oluseqophelweni eliphezulu ukuze bakwazi ukuncintisana nozakwabo bakwamanye amazwe njengokwemiyalelo ye-UNESCO.

**Ukwethulwa kobuchwepheshe bezokuxhumana (ICT)**

Izikole ezingama-260 ezitholakala kwizifunda eziyisithupha esezikhethiwe ukuba zifundise ubuchwephewe be-Coding kanye ne-Robotics okwuhlelo lukuhlomisa abafundi ngamakhono adingeka kwisikhathi se-Fourth Industrial Revolution (4IR).

**UMnyango usuwakhe izikole eziseqophelweni eliphezulu.**

Kusukela ngo-1994 uMnyango usuwakhe izikole ezintsha waphinde walungisa ezinye eziningi njenge iBhevu High School, eyakhiwe ngesamba sika-R50.5 million eseSifundeni sasoThukela.

UMnyango uphinde wakha isikole samabanga aphansi iXoloxolo Primary School eSifundeni iHarry Gwala. Lesi sikole singesinye sama "Smart Schools" angu 85 nokuyizikole ezinobuchwepheshe besimanje bokuxhumana nokufunda. IXoloxolo yakhiwe ngo R56 million.

UMnyango uyaqhubeka nokwakha izikole zokuhlinzeka abafundi abaphila nezinhlobo ezahlukahlukene zokukhubazeka. Esinye zalezi zikole yi-Bright Future Special School eseThekwini, Lesi sikole sabafundi abaphila ne-Autism kanye nezinselelo zokuxhumana, sakhiwe ngesamba esingu-R140 million. Kuphinde kwakhiwa kwakhiwa ne Pholela Special School endaweni yase Bulwer ngo R220 million.

**Ukusungulwa kwezikhungo zemfundo ezikhethekile ezigxile ezifundweni ezithile.**

I-Anton Lembede Mathematics, Sciences & I-Technology (MST) Academy, eseThekwini, iyisikhungo esikhethekile esigxile ekuqeqesheni abafundi kwizibalo, ezesayensi, kanye nobuchwepheshe. Lesi sikhungo, nesingesokuqala KwaZulu-Natal, siphinde sigxile ekufundiseni ngobuholi nasekusungulweni kwezinto ezintsha. I-Anton Lembede MST Academy, ihlinzeka abafundi ngolwazi olukhethekile, ukuqeqeshwa kanye nezinsiza ukuze babe sethubeni lokuphumelela kule mikhakha.

**UHlelo lokuphakelwa kwabafundi**

Bangaphezu kuka-2.4 Million abafundi abaKwaZulu-Natal abaphakelwayo ezikoleni ezingu-5 436. Kusukela ngonyaka ka-2023 uMnyango uphinde waqala uhlelo lokuphakela abafundi bamabanga aphansi isidlo sasekuseni. Ngaphezu kokuhlinzeka ngokudla okudingeka kakhulu kubafundi, lolu hlelo luphinde lwadala amathuba emisebenzi angu-16 114 okubalwa kubo labo abaphekayo baphinde baphakele abafundi abangu angu-14 868.

# UGADLE KWEZWAKALA UMNYANGO WEZEMIDLALO, AMACIKO NAMASIKO KWAZULU-NATAL NGEZINHLELO ZAMACIKO NENGQALASIZINDA

**UMNYANGO WEZEMIDLALO, UBUCIKO KANYE NAMASIKO**





**Uyaqhubeka nokwakha izakhiwo zezikhungo ezimqoka zokuthuthukisa amakhono e-KZN**

SELIGAYA ngomunye umhlathi kwimboni yezobuciko kusukela izintambo zombuso weningi waqala. uMnyango Wezemidlalo, Ezobuciko Namasiko KwaZulu-Natal ufukule imboni ngokuthuthukisa amaciko asafufusa nokukhuthaza ukubambisana namadlandawonye akulomkhakha.

Imikhankaso weKeeping Arts Alive noweSukasambe isondezele intuthuko kwimiphakathi kusuka emawadini ngokunikela ngezinsizakusebenza. UKeeping Arts Alive ufake izinsimbi zomculo wezokholo, maskandi, brass kanye ne-orchestra nezomculo wamaNdiya. Eziningi zalezinsimbi zaya ezindaweni ezisemakhaya nasezikhungwini zobuciko (art centres).

Ngaphandle kwezinsimbi zomculo uphinde wanikela ngemishini yokuthunga kanye nobuhlalu okusiza amaciko enza umsebenzi wezandla.

Likhulu iqhaza elibanjwe uKeeping Arts Alive kusuka ngo 2015 ukulwa nezihlava ezihlasele intsha njengokuzibandakanya kutshwala, izidakamizwa, neminye imibulalazwe. Eminye yemiphumela yeKeeping Arts Alive kube ukuqoshwa kwabaculi abangu-52 kusetshenziswa i-recording studio engumahambanendlwana nokusabalalisa amaworkshop kumaciko. ISukasambe nayo ivuselele umoya wokufukula amaciko emawadini ngokubheka ithalente, ilithuthukise iphinde ifake izinhlaka ezisiza ukubukisa inside amaciko ukuthi azidayise.

Umnyango wakhe izikhungu zezobuciko ezine okubalwa kuzo iBulwer Art Centre, Osizweni Art Centre,Mbazwana Art Centre, waphinde wavuselela iWinston Churchill. Ngaphezu kwalokhu Umnyango uxhasa izikhungo ezifana neKCap, Wushwini Art Centre, BAT Centre nezabahlela ama-Festival amakhulu akwisifundazwe.

Kuleminyaka engama-30 yenkululeko yezwe uHulumeni ukhulise umkhakha wezobuciko namasiko ngovundulula ithalente kwezobuciko njengoba kucaca ukuthi lemboni nayo kukhulu ekufakayo emnothweni wezwe. Uma kuqhathaniswa nesikhathi esingaphambi kuka1994, meningitis amaciko axhaswe ukuya phesheya ayocula khona.

Okuvune kakhulu imboni ukubambisana komnyango nenhlangano yamaciko iCultural and Creative Industries Federation of South Africa.

Uma kuza kwingqalasizinda uMnyango

uphinde ube nenxanxathela yemitapo yolwazi kanjalo nezinkundla zezemidlalo eziyinhlanganisela esesizakhile kuleminyaka emihlanu nje eyehlule.

Inanu lalemitapo lilinganiselwa kwizigidi zamaRandi. Lapha singabala iAlfred Duma Fitness Centre (phase 1-3) esoThukela ebize R62 million yakha amathuba emisebenzi angu 43, Shayamoya Library eseHarry Gwala ebize R32,5 million yakha amathuba omsebenzi angu 27, Dondotha Sports Complex eKing Cetshwayo ebize R43, 6 million ebenamathuba angu 34 bese kuba R41, 41,8 million yakha amathuba angu 38 omsebenzi.

## #LeaveNoOneBehind

30 YEARS OF FREEDOM
South Africa 1994 - 2024

